



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE YOKWETHULA UHLELO
LWEZOKUPHEPHA EMGWAQENI NGAMAHOLIDI NGOMHLAKA 2 DECEMBER 2008.**

Nginyanibingelela

- Isikhathi samaholide kaKhisimusi singesinye salezo ezinomthamo omkhulu wezimoto emigwaqeni yethu. Nakuba kuyiqiniso ukuthi sihlale siqinisa ezokuphepha emgwaqeni amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-7 ngeviki nezinsuku ezingu-365 ngonyaka, kubalulekile ukuthi kuqiniswe kakhulu imikhankaso ngezikhathi ezithile zonyaka lapho kuba nesibalo esikhulu sezimoto emgwaqeni.
- Minyaka yonke sibona izimo ezinyantisa umzimba. Siyakwazi sonke lokho. Siyazi sonke ukuthi sidinga ukubamba iqhaza ngokushesha njengoba akekho osizakalayo ngalesi simo. Kodwa siyazi futhi ukuthi kungumthwalo wabasebenzisi bomgwaqo ukuqinisekisa ukuthi ziyancipha izingozi zomgwaqo.
- Izwe lethu alikwazi ukuqhubeka nokulahlekelwa ngabantu abaningi kangaka abanye balimale kanzima nsuku zonke. Akukona nje ukuthi kubuhlungu ngendlela engachazeki kwabalimele nasemindenini yabashonile, kodwa kunemali engaphezulu kuka-R43 billion elahlekela leli lizwe minyaka yonke.
- Njengamanje uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuphinde waqhamuka nobunye futhi ubuchwepheshe bokulwa nezingozi emgwaqeni nokuqeda izimoto ezingekho esimweni sokuba emigwaqeni yaseNingizimu Afrika. Namhlanje sethula umshini obizwa nge-brake roller tester, ongowokuqala e-Afrika ukusebenza njengesikhungo sokuhlola izimoto esingumahamba nendlwana.

- Lo mshini ungumphumela wocwaningo nokuhambela koMnyango emazweni omhlaba sibheka izindlela ezingcono, okuholele ekutholakaleni kwalobu chwepheshe obuphambili edolobheni lase-London. Ube usuthengwa ezweni lase-Australia ngemuva kokuba wakhiwe ngendlela evumelana nokuthi isetshenziswe lapha eNingizimu Afrika.
- Ngalo mshini ongumahamba nendlwana abomthetho bazokwazi ukubheka, bashushuse bese bekipha emgwaqeni imoto engekho esimweni ngezinto ezifana namabhuleki, isiteringi nezinsimbi zangaphansi ezibambe amasondo. Lokhu kuzokwenzeka noma kuphi esifundazweni, ngaphandle kokuba imoto iyiswe esikhungweni sokuhlola.
- Lokhu kuzosiza amaphoyisa ekulweni nalobu gebengu ezindaweni lapho bekungelula ukuba amaphoyisa afinyelele ngoba bekudingeka aye esiteshini sakwa-RTI mahlambe esikude ngaleso sikhathi ukuze kuhlolwe imoto.
- Phezu kwalokho, lo mahamba nendlwana une-3G exhumana nohlelo lwe-eNaTIS, okwenza lula ukuthola imininingwane yemoto, eyomnikazi nomlando wemoto. Lo mshini uhambisana nawo wonke umthetho waseNingizimu Afrika, kanti uzogcinwa usesimweni ukhandwe inkampani yalapha ekhaya.
- Emkhankasweni wethu wokuqinisa ezokuphepha ngamaholide kaKhisimusi, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngokuhlanganyela nezinhlaka esisebenzisana nazo uzokwenza uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni oludidiyele.
- Kafushane nje, iziphathimandla zomgwaqo ziziqinisa kulokhu ngesikhathi sikaKhisimusi:
 1. Project Blue Light – Zonke izimoto zamaphoyisa zizohamba namalambu aluhlaza uma isimo sezulu sisibi nasebusuku.
 2. Operation Thatha and Phepha –Ndoda – Lapha sibopha abahamba ngezinyawo lapho kungafanele emgwaqeni.
 3. Naming and Shaming - ukudalulwa kwamagama ezaphulamthetho
 4. Operation Juggernaut – obhekene nesimo samaloli.
 5. Operation Thath' Iskorokoro – obhekene nesimo samabhasi namatekisi. Amabhasi namatekisi azohlolwa emadepho nasemarenki.

6. Izimoto ezingenalo uphawu lwamaphoyisa – zizobheka abaphula umthetho njengokushayela nomakhalekhukhwini.

- Sengiphetha, ngithanda ukwethulela isigqoko inkantolo yemantshi yaseScottsburgh ngokubambisana nalo Mnyango wethu. Le nkantolo isibe yisibonelo ngokukhipha izinhlawulo ezifika ku-R45 0000. Sikhuluma nje amacala ejubane asehle kakhulu kule ndawo.
- Ngakho-ke, siyakuqinisekisa ukuthi asihleki nhlobo kulabo abaphula imitheho yomgwaqo. Ungathi awuxwayiswanga, uma uphambana nomthetho nawo uzobhekana nawe ngqo.

Ngiyabonga